

**UHLELO LOKUGUNYAZWA KWEZEMVELO
UMSEBENZI WOKUKHIQIZA UGESI ONAMANDLA OVUSELELEKAYO, UKHIQIZWA IRICHARDS BAY
MINERALS, RICHARDS BAY, KWAZULU NATALI.**

**UMQULU WOLWAZI OLUWUMGOGODLA KANYE NESIMEMO SOKUBABIQHAZA
21 KUNLABA 2021**

1. INHLOSO YALOMQULU

Inhloso yalomqulu uku:

- Ukunikeza ulwazi oluwumgogodla emaqenjini athintekayo kulentuthuko ehlongozwayo;
- Ukunikeza abantu ulwazi ngendlela ekuzohlolwa ngayo imvelo njengoba kuhlongozwa umsebenzi wokukhiqiza ugesi onamandla ovuselelekayo, ukhiqizwa iRichards Bay Minerals, engaphansi kweKing Cetshwayo District Municipality KwaZulu Natal.
- Nokubonisa ukuthi njengomuntu onentshisekelo Nothintekayo ungazibandakanya kanjani nohlelo lokuhlola imvelo.

2. INCAZELO YEPROJEKTHI

iRichards Bay Minerals ihlangoza ukwenza ipulazi elizokhiqiza ugesi ngamandla elanga (Solar farm) njengeny indlela yokuthola ugesi, ingaphansi kweKing Cetshwayo District Municipality eRichards Bay, KwaZulu Natal.

iExigent Engineering Consultants CC iyona emiswe njengomhloli wemvelo kuleprojekthi. Iprojekthi izoletha ukuthuthukiswa kwengqalasizinda ukuze kuzokhiqizwe ugesi ongamaMegawatts angamashumi amabili nambili (22). Inhloso yaleliplazi lagesi ukuthola amandla elanga ukuze ashintswe enziwe ugesi ozosebenzela iRichards Bay Minerals.

Kuzoyangokuthi amaphi ama Pv panel akhethiwe, angase abe made aze afike ku3 meters. Into ezoba yinde kunazo zonke ibhili lokusbenza nelizonakekela lendawo, Kanye neziteshi ezizobe ziphakathi nendawo ezizoba nobuke kuka4 meters noma u5 meters

3. INDAWO LAPHO KUZOKWENZEKA KHONA IPROJEKTHI

iProjekthi isendaweni yenkampani iRichards Bay Minerals eduze kwankampani uqobo lwayo eRichards Bay, KwaZulu Natal. Isakhiwo sikwindawo 0 we Erf 13130 LOT K45 kanye nendawo 0 ye Erf 16317 RBM. Lendawo ifanelekile ukuthi kwakhiwe iPV array unyukela kwamamegawattas angamashumi amabili nambili (22) kuyona.

Leliplazi likwindawo 2832CA futhi liku 28°41' 15.49,61"S no 32°08' 7,76"E, ubukhulu bayo ingama hectares amashumi amathathu nesthupha (36,7).

4. ISINGENISO NGOMSEBENZI OZOKWENZIWA NEZOMTHETHO

Isaziso sokufaka isicelo sokugunyazwa kwemvelo sokuthunyelwa eMnyangweni Wezokuthuthukiswa Kwezomnotho, Ezokuvakasha Nezemvelo (DEDTEA) ngokomthetho kazwelonke wezeMvelo owashicelelwa ngenombolo u R. 982 ka2014 ngaphansi kwesahluko 24(5), Kanye nenombolo u-44 wezoMthetho kaZwelonke wezeMvelo phecelezi u-(Act No. 107 of 1998), njengoba kubekiwe ngokwenhloso yokwenziwa koCwaningo ngokungenzeka kwiMvelo (ngaphansi komsebenzi 1 kwisaziso 2 – GN R984 njengoba ushintshiwe). Isicelo semvume yokusetshenziswa kwamanzi sizothunyelwa emnyangweni wezokuhlalakahle nazamanzi nezokuthuthwa kwendle, ngaphansi komthetho wezamanzi kazwelonke (NWA), (Act 36 wango 1998).

GN R984, njengoba ushintshiwe) uMthetho kaZwelonke wezoCwaningo ngokungenzeka kweMlweni ngaphansi kwesaziso 2:

Activity 1: ukwakhiwa kwezinto noma inqilasizinda ezokwenza ugesi, lapho ugesi ozokwenziwa uzobe u20 megawatt noma ngaphezulu, mekwenzeka ukuthi

lenqilasizinda izofaka amaphotovoltaic nokuthi (a) isendaweni yasemadolobheni noma, (b) endaweni esinayo inqilasizinda

5. IZINKINGA EZINGASE ZIBE KHONA KWIMVELO

Kulindeleke ukuthi lezigaba zemvelo ezilandelayo izona ezibalulekile nezizobhekwa lthimba Leprojekthi ngesikhathi socwaningo:

- Umthelela wokungabona ezinye izinto
- Ukushintshwa kwendlela ekuzosentshenziswa ngayo umhlaba
- Umthethela ozoba semanzini
- Ukuphazamiseka kukagesi

Imigomo yokuphathwa kwalezingqinamba ezingenhlalazokwenziwa bese ifakwa Kumbhalo otshengiswa indlela yokuphatha imvelo

Wamukelekile ukuletha uvo lwakho ngaloluhlu olungehla kanti unganikeza ezinye izingqinamba kanye nemithelela engase ibekhona okufanele ibhekisise.

6. OCHWEPHESHE

Ithimba Leprojecti seliqagule izingqinamba ezibalulekile kanti bazoqhubeka bayicwanginge lemithelela ngokubaluleka kwayo nangokwemigomo yoCwaningo Lokungenzeka Emvelweni okunguMnyango Wezemvelo DEA).

Lolucwaningo lochwepheshe elizokwenziwa:

- Imithelela ezitshalweni kanye nalapho kutholakala
- khona izilwane;
- ucwaningo lendlela okume ngayo umhlaba ekuzofakwa kuyo isolar
- ukuhlolwa kwemvelo ehlala emanzini

uMnyango Wezokuthuthukiswa Kwezomnotho, Ezokuvakasha Nezemvelo phecelezi i-(DEDTEA) noma ngakube yilabo ababamba iqhaza bengadinga ukwengezwa ongoti/ochwephesha uma lidingeka.

7. ITHUBA LOKUBAMBIQHAZA KOMPHAKATHI


Ukubambiqhaza komphakathi okubandakanya umphakathi nokuxazulula izinkinga kubaluleke kakhulu kucwaningo lwemvelo. Lelithuba linikeza abantu ithuba lokuthi babhale izinkinga abanazo ngokulimala kwemvelo noma bhabhale inzindlela zingasiza leprojekthi

Izikhazazo kanye nezingqinamba eziphakanyiswe ngesikhathi abantu benikwe ithuba lokubamba iqhaza zizobhalwa zibhekisise bese zifakwa emqulwini Wezimvelo Nezimpendulo ziyobe sezifakwa eMqulwini

8. EZOMTHETHO EZIZOGUNYAZA

uMnyango Wezokuthuthukiswa Kwezomnotho, Ezokuvakasha Nezemvelo phecelezi i-(DEDTEA waKwazulu-Natal iwona ozofunda umbiko ozobhalwa, iwona ozothatha isinqumo ukuthi iprojekthi ingaqubheka ngaphansi kwiziphi izimo.

Ukulandelana kwendlela okuzokwenziwa ngawo lombiko ubhalwe ngaphansi kwaloluhlaka



uMnyango wezenhlakahle Kanye nowokuthuthwa wendle namanzi phecelezi i-(DHSWS) iyona ezobheka umgqulo wokucela ukusebenzisa amanzi , isiqumo abazosihatha sizobe usekelwe umbiko abazonikwa wona

9. ISIMEMO SOKUBAMBA IQHAZA

IExigent Engineering Consultants iyona eqokwe iRichards Bay Minerals ukuhlola imvelo nokunika abantu ithuba lokuthi babeke okuthile ngeprojekthi

Sithanda ukukuququzela ukuthi ubambe iqhaza. Mowufisa ukubamba iqhaza ngasibhalela imibono yakho ngaphambi kokuthi kushaye umhlaka 24 ku-Nhlangulana 2021 (24 June 2021).

EXIGENT ENGINEERING CONSULTANTS

Jacquette Adam

PO Box 9514

Richards Bay

3900.

Tel: (082) 852 6417

Fax: (086) 614 7327

E-mail: jacquette@exigent.co.za

Figure 2. imephu yendawo ekuhlongozwa ukwakiwa kuyona

